Isifundo 2

** 4–10 Masingana*

Ukusuka eJerusalema Kuye eBhabhiloni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
2 AmaKhosi 21:10-16; Daniyeli 1; Galatiya 2:19, 20; Mathewu 16:24-26; 2 Korinte 4:17; Jakobe 1:5.

Indimana Yekhanda:
“Laba bafana abane uNkulunkulu wabanika ukwazi nokuqonda encwadini nasekuhlakanipheni; uDaniyeli wayenengqondo kuyo yonke imibono namaphupho” Daniyeli 1:17.

IBhayibeli alibufihli ubuthakathaka babantu abawileyo. Kusukela kuGenesise 3 kuye phambili, ukona kwabantu nemiphumela yakho ebuhlungu kwenekwe obala. Kusenjalo futhi, sibona izibonelo zalabo abatshengisa ukwethembeka okukhulu kuNkulunkulu, ngisho noma bebhekene nokununuselwa ngomvuzo uma bengase badele ukwethembeka kwabo. Ezinye izibonelo ezinhle kakhulu zalokhu kwethembeka zibonwa encwadini kaDaniyeli.

Nokho, uma sifunda uDaniyeli, asikhumbule ukuthi iqhawe langempela lalencwadi uNkulunkulu. Sizejwayele kakhulu izindaba ezigcizelela ukwethembeka kukaDaniyeli nabangane bakhe, size sikhohlwe ukuphakamisa ukwethembeka kwaLowo owayehola lezo zinsizwa ezine ngesikhathi zibhekene namandla nokuheha kombuso waseBhabhiloni. Kukodwa-nje ukwethembeka, kuyinselele, asikhulumi-ke uma ubhekene nengcindezi yezwe okungelona elakini, namasiko akhona, nenkolo yakhona. Kodwa lamaqhawe ahlangabezana nayo inselele ngoba, njengomphostoli uPawulu , “bayamazi abakholwa nguYe” (2 Thimothewu 1:12), futhi bayamethemba.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika 11 Masingana.*

Ukubusa KukaNkulunkulu

Uma usabuka okokuqala, incwadi kaDaniyeli ivula ngamazwi okujabha, atshengisa ukunqotshwa. UJuda wayehlulwe nguNebukadinesari, izitsha zethempeli zazithuthiwe eJerusalema zayiswa ezweni laseShinar. Leligama elithi Shinar liqhamuka eBhayibhelini kuGenesise 11:2 njengendawo lapho kwakwakhiwe khona umbhoshongo waseBhabheli. IShinar luphawu okukhomba okuthile njengoba lisho ukwedelela uNkulunkulu okungafihliwe. Kodwa nakuba abakhi bombhoshongo behluleka emzamweni wabo wokufinyelela ezulwini, ngokwangaphandle, kwabukeka sengathi uNebukadinesari nezithixo zakhe ezazisezweni laseShinar bamehlula uNkulunkulu wesivumelwano kaIsrayeli.

Noma kunjalo, imigqa yokuqala kuDaniyeli ikwenza kube sobala ukuthi ukunqontshwa kweJerusalema akwenzekanga ngenxa yamandla amakhulu enkosi yaseBhabhiloni; kunalokho, kwenzeka ngoba "uNkulunkulu wanikela uJehowakim inkosi yakwaJuda esandleni sikaNebukadinesari (Dan. 1:2). Iminyaka eminingi ngaphambi kwalokho, uNkulunkulu wayememezele ukuthi uma abantu baKhe bekhohlwa futhi bephula isivumelwano, uyobathumela ezweni lokuhamba njengabathunjwa. Kanjalo-ke, uDaniyeli uyazi ukuthi ngemuva kwamandla empi yaseBhabhiloni, uNkulunkulu wamazulu uhola amabutho omlando. Yilombono ocacile ngobukhosi bukaNkulunkulu obuphasa lezinsizwa, uzinike amandla nesibindi sokubhekana nezilingo nengcindezi yasembusweni waseBhabhiloni.

Funda ku 2 AmaKhosi 21:10-16; 2 AmaKhosi 24:18-20; noJeremiya 3:13. Kungani uNkulunkulu enikela uJuda neJerusalema ezandleni zabaseBhabhiloni na?

Njengoba sibhekene nezinselele zomnyakakhulu ka 21, sidinga ukuphinda sibambe umbono ngoNkulunkulu oboniswe ngokucacile encwadini kaDaniyeli. Ngokwalencwadi, uNkulunkulu esimkhonzayo akagcini ngokuqondisa umlando ebukhosini baKhe, kodwa futhi ngomusa waKhe, uyangenelela ezimpilweni zabantu baKhe ukubanika usizo oludingeka kakhulu ngesikhathi senswelo. Futhi, njengoba sizobona ekuhambeni kwesikhathi, lokho uNkulunkulu akwenzela abathunjwa bamaHeberu, uyokwenzela abantu baKhe ngesikhathi sokugcina, yize behlaselwa bona nokukholwa kwabo.

Yiziphi ezinye zezinselele ukukholwa kwakho okuhlangana nazo kumanje, mhlawumbe ezivela ngaphandle, ngaphakathi ebandleni, noma ngenxa yokwesilela kwesimilo sakho? Ungafunda kanjani ukwencika emandleni kaNkulunkulu ukuze akusize unqobe noma yini ephambi kwakho?

Ukholo Phansi Kwengcindezi

Funda kuDaniyeli 1. Labafana babekwa phansi kwayiphi ingcindezi ukuze benze abakutshelwayo na?

Ngokufika kwabo eBhabhiloni, labafana abane kwafuneka bebhekene nenselele enkulu mayelana nenkolo yabo: bakhethelwa ukuqeqeshwa okukhethekile ukuze babe yizinceku zenkosi. Amakhosi asendulo ayevame ukukhetha abanye babathunjwa babo ukuthi bakhonze esigodlweni, ngaleyo ndlela ukwethembeka kwabo kube senkosini nawonkulunkulu bombuso obathumbile. Nangempela, lonke loluhlelo kwakuqondwe ngalo ukuguqula imiqondo okwakuzokwenza babuke izinto ngenye indlela. Njengenxenye yohlelo lwabo, labathunjwa bamaHeberu banikwa amagama amasha. Ukuguqulwa kwegama kusho ukuthi usunomnikazi omusha, nokuthi ikusasa lakho seliguqukile. Ngakhoke, ngokuqamba abathunjwa kabusha, abaseBhabhiloni babehlose ukubethelela igunya labo phezu kwalabafana, nokubacindezela ukuthi bamukele amasiko nemikhuba yaseBhabhiloni. Esikhundleni samagama abo okuzalwa, ayekhomba kuNkulunkulu kaIsrayeli, banikwa amagama adumisa onkulunkulu bezizwe. Phezu kwalokho, inkosi yayala ukuthi labafana badle ukudla okudliwa yiyo. Ukudla ukudla okudliwa yinkosi kwakunomthelela ojulile endulo. Kwakusho ukwethembeka okungajiki kanti futhi kwakusho ukuthi wethembele enkosini ngayo yonke into. Futhi njengoba ukudla kwakunikelwa ezithixweni zakhona, ukudla kwakunomthelela omkhulu enkolweni yakho. Kwakusho ukuthi uyayamukela inkolo yenkosi nokuthi uzokhonza kanjalo.

Kanjalo-ke, uDaniyeli nabangane bakhe bazithola bebhekene nesimo esiyinselele. Kubona, ukukholeka kuNkulunkulu, banqobe lamandla angaka asebukhosini, kwakudinga isimangaliso uqobo. Ukwenza izinto zibe zimbi nakakhulu, idolobha laseBhabhiloni laliyisikhangiso salokho okungenziwa umuntu. Ubuhle bezakhiwo zamathempeli akhona, izingadi zakhona okuthiwa zazilenga, nomfula i-Ewufrate ogeleza ugwingcize phakathi nalo idolobha kwakukutshela ngamandla nodumo lwalendawo angenakulinganiswa. UDaniyeli nabangane bakhe bathenjiswa ukukhushulelwa ezikhundleni eziphezulu nethuba lokuzithokozisa ngomcebo walohulumeni. Babengaphunyuka ekubeni abathunjwa bamaHeberu, babe yizikhulu zombuso. Babezodela izimiso zabo zokuphila ukuze bahambe kulendlela elula yodumo na?

Yiziphi izindlela labafana ababengazisebenzisa ukukhulumela isinqumo sokuxegisa ukuziphatha kwabo na? Kungenzeka yini ukuthi nawe khona manje ubhekene nezinselele ezinjalo noma ezingumshoshaphansi na?

Isinqumo Esingajiki

Funda kuDaniyeli 1:7-20. Yimaphi amaphuzu amabili esiwabona esebenza la: ukuzikhethela kukaDaniyeli, nokungenelela kukaNkulunkulu? Yisiphi futhi isimiso esibalulekile esikhona lapha?

Kubonakala sengathi labathunjwa abane bamaHeberu abawaphiki amagama abo aseBhabhiloni. Mhlawumbe kungenxa yokuthi ayikho into abangayenza ngalokho, ngaphandle kokusebenzisa amagama abo esiHeberu uma bebodwa. Kodwa maqondana nokudla newayini elivela etafuleni lenkosi, kwakusemandleni abo ukuthi bayakudla noma cha. Ngakho-ke ukuzikhethela kwabo ngokuthanda, kubaluleke kakhulu lapha. Nokho, uma isikhulu sombuso sikwazi ukuguqula amagama abo, singakwazi nokuguqula ukudla kwabo. Kungakhona izizathu ezimbili ezenza bangafuni ukudla ukudla okuvela etafuleni lenkosi. Esokuqala, ukudla okuvela etafuleni lenkosi kwakungase kube nenyama engahlanzekile (Levitikusi 11). Okwesibili, ukudla kwakuqale kunikelwe emfanekisweni wesithixo, bese kuyiswa enkosini ukuba idle. Ngakho-ke ngesikhathi uDaniyeli ekubeka obala, ngaphandle kwenkohliso, ukuthi isicelo sakhe siqhutshwa yinkolo yakhe, okusho ukuthi ukudla kwasesigodlweni kuzomngcolisa yena nabangane bakhe (Dan. 1:8), wabonakalisa isibindi esikhulu.

Uma sibuka ukuxoxisana phakathi kukaDaniyeli nesikhulu saseBhabhiloni, kunamaphuzu ambalwa abalulekile agqamayo. Elokuqala, kubonakala ukuthi uDaniyeli usiqonda kahle isimo esibucayi salesikhulu, ngakho-ke waphakamisa ukuthi akabahlole. Izinsuku eziyishumi zokudla ukudla okungaveli enkosini zazikwanela ukutshengisa ubungcono balokho kudla, ngaleyo ndlela kudambe uvalo lwesikhulu. Okwesibili, ukuqiniseka kukaDaniyeli ukuthi umphumela uzokuba muhle ngaleyo ndlela ngesikhashana esincane kangako, kwakuvela ekwethembeni kwakhe uNkulunkulu ngokuphelele. Okwesithathu, ukukhetha ukudla imifino namanzi kukhomba emuva, ekudleni uNkulunkulu akunika abantu ekudalweni (bheka uGenesise 1;29), okuyinto okungenzeka ukuthi nayo yaba nomthelela ekukhetheni kukaDaniyeli. Vele-nje, bekungaba yikuphi okunye ukudla okungcono kunalokho esakuphiwa nguNkulunkulu ekuqaleni?

Yini leyo ebaluleke kangako ngokuzikhethela kukaDaniyeli eyavulela uNkulunkulu indlela yokuthi enze lokho akwenza na (Daniyeli 1:9)? Singathola ziphi izifundo kulokhu ngokubaluleka kwendlela esikhetha ngayo na?

Bengenasici Futhi Behlakaniphile

UDaniyeli nabangane bakhe bakhethelwa ukukhonza esigodlweni ngoba bayafinyelela esilinganisweni esibekwe nguNebukadinesari. Ngokusho kwenkosi, abakhonza esigodlweni kufuneka "bangabi nasici" futhi "babukeke kahle" (Dan. 1:4). Kuyathathekisa ukuthi imihlatshelo nabantu abakhonza ethempelini likaNkulunkulu kwakufuneka "bangabi nasici" (Levi. 22:17-25; Levi 21:16-24). Kubonakala sengathi inkosi yaseBhabhiloni iziqhathanisa noNkulunkulu kaIsrayeli njengoba nayo ifuna izimpawu ezifanayo kulabo abakhonza esigodlweni sayo. Ngakolunye uhlangothi, izimpawu ezinjalo ngokungaqondiwe, zingasho ukuthi uDaniyeli nabangane bakhe babeyimihlatshelo ephilayo kuNkulunkulu njengoba babebhekene nezinselele zombuso waseBhabhiloni.

Funda kwabaseGalatiya 2:19, 20; Mathewu 16:24-26; no 2 Korinte 4:17. Lezindimana zisitshelani ngendlela esingahlala ngayo sethembekile phakathi kwanoma yiziphi izilingo esibhekene nazo na?

_____

_____

UNkulunkulu uyakuhlonipha ukukholeka kwabathunjwa abane bamaHeberu, kwathi ekupheleni kwezinsuku eziyishumi zokuhlolwa kwabo babebukeka bephile kangcono futhi bondleke kangcono kunabanye abafundi ababedla etafuleni lenkosi. Kanjalo-ke, uNkulunkulu unika izinceku zaKhe ezine "ukwazi nokuqonda encwadini nasekuhlakanipheni," kanti kuDaniyeli yedwa uNkulunkulu wanikeza "ingqondo kuyo yonke imibono namaphupho" Daniyeli 1:17). Lesipho sasizodlala indima egqamile emsebenzini kaDaniyeli wokuprofetha. Ngendlela efana naleyo uNkulunkulu ahlonipha ngayo ukukholwa kwezinceku zaKhe esigodlweni saseBhabhiloni, kanjalo usinika ukuhlakanipha uma sibhekene nezinselele zasezweni. Emaveni kaDaniyeli nabangane bakhe, sifunda ukuthi ngempela kungenzeka ukuhlala ungachaphazeleki yikho konke okungcolisayo kwasemphakathini. Futhi sifunda ukuthi asidingi ukuzehlukanisa emphakathini nendlela okuphilwa ngayo ukuze sikhonze uNkulunkulu. UDaniyeli nabangane bakhe babengaphili-nje emphakathini ogcwele amanga neziphosiso nezinganekwane, kodwa futhi babefundiswe konke lokho esikoleni. Kodwa bahlala bekholekile.

Noma ngabe sihlalaphi, sibhekene nenselele yokuhlala sethembekile kulokho esikholelwa kukho, phakathi kwemithelela yasekuhlaleni ephambene nalokho esikholelwa kukho. Hlonza imithelela engemihle emphakathini wakini, uzibuze lokho: Ngiphumelela kangakanani ukuyidela na?

_____

Ukuhlolwa Kokugcina

Funda kuDaniyeli 1:17-21. Yini isihluthulelo sempumelelo yalamadoda amane na? (bheka noJobe 38:36; Izaga 2:6; Jakobe 1:5.)

Emva kweminyaka emithathu beqeqeshwa “enyuvesi yaseBhabhiloni” lamaHeberu amane alethwa phambi kwenkosi ukuzohlolwa okokugcina. Babengagcini-nje ngokubukeka bephila kahle ukwedlula abanye abafundi, kodwa babebadlula nangolwazi nokuhlakanipha. Bobane, baqashwa ngaleso sikhathi ukuba basebenzele inkosi. Asingakhohlwa ukuthi “lolulwazi nokuhlakanipha” ngokungangabazeki, kugcwele ubuhedeni. Kodwa noma kunjalo, bayakufunda, futhi bakufunda kahle, yize bengakukholwa.

UNebukadinesari wayengacabanga ukuthi ukuphumelela okunjena kwakuwumthelela wokudla kwasesigodlweni nokuqeqeshwa labafundi abane ababekunikiwe. Kodwa, uDaniyeli nabangane bakhe babazi, futhi nendaba itshengisa ngokusobala, ukuthi ukuphuma kwabo phambili akuwona nakancane umthelela wemfundo yaseBhabhiloni. Zonke izinto zivela kuNkulunkulu. Lesi yisibonelo esinamandla salokho uNkulunkulu angakwenzela labo abamethembayo. Asingethuswa amandla amakhulu ezinkundla zokuxhumana, imibuso, nezinye izithangami okungabonakala sengathi zizochitha ubuthina bethu njengabantwana bakaNkulunkulu. Uma sibeka ithemba lethu kuNkulunkulu, singaqiniseka ngokuthi uzosiphasa ngezikhathi ezinzima, asilondoloze kukho konke okuphikisana nathi. Okubalulekile ukuthi thina senze izinqumo ezifanelekile uma sibhekene nezinselele ekukholweni kwethu.

Uma sibheka uDaniyeli 1, sifunda izifundo ezibalulekile ngoNkulunkulu: (1) uNkulunkulu uYena olawula umlando. (2) uNkulunkulu usinika ukuhlakanipha ukuze sikwazi ukuthubeleza phakathi kwezimo ezilwisana nathi emphakathini. (3) uNkulunkulu uyabadumisa labo abamethemba ngezinhliziyo zabo nangendlela abaphila ngayo. Isahluko sivala ngokuthi “uDaniyeli wayekhona kwaze kwaba ngumnyaka wokuqala kaKoresi” (Dan. 1:21). Ukubizwa kwegama likaKoresi lapha kubalulekile: kunikeza inhlansi yethemba phakathi kwempilo yasekuthunjweni. UKoresi uyena owakhethwa nguNkulunkulu ukukhulula abantu baKhe, wabavumela ukuthi babuyele eJerusalema. Nakuba isahluko siqala ngokubonakala sengathi ukwehlulwa, siphetha nenhlansi yethemba nokubuyela ekhaya. UNkulunkulu wethu-ke Lowo: naphakathi kwezikhathi ezinzima kakhulu empilweni yethu, njalo-nje uvula ifasitela lethemba ukuze sibone inkazimulo nentokozo okungaphesheya kokuhlupheka nobuhlungu.

Ukujula Nomcabango:

"UDaniyeli nabangane bakhe besengamabhungu eBhabhiloni, ngokusobala baphatheka kangcono kunoJosefa eminyakeni yakhe yokuqala eGibhithe; kodwa babhekana nokuvivinywa kwezimilo ezinzima ngokufanayo. Besuswa endaweni yakubo eJudiya, labafana abaluzalo lwasebukhosini, bayiswa edolobheni okuyilona elalilihle ngempela, bayiswa esigodlweni senkosi yakhona enkulu kunawo wonke, bakhethelwa ukuqeqeshelwa umsebenzi okhethekile wenkosi. Zazinkulu izilingo ezazibazungezile kuleso sigodlo esonakele nesokungcebeleka. Ukuthi bona bantu abakhonza uJehova, babe yizigqila eBhabhiloni; ukuthi izitsha zasendlini kaNkulunkulu zasezibekwe ethempelini lezithixo zaseBhabhiloni; ukuthi nenkosi yakwa-Israyeli uqobo yayiyisiboshwa ezandleni zabantu baseBhabhiloni, into okwakuqhayiswa ngayo njengobufakazi bokuthi inkolo yaseBhabhiloni namasiko akhona inkulu kuneyamaHeberu. Phansi kwesimo esinjalo, esebenzisa kona ukwehliswa kwabo isithunzi okwenzeka ngokushiya kuka-Israyeli umthetho waKhe, uNkulunkulu wanika iBhabhiloni ubufakazi bobukhulu baKhe, bobungcwele bezimfuno zaKhe, nomphumela oqinisekile wokulalela. Wabunikeza lobufakazi, ngendlela obunganikezwa kuphela ngokusebenzisa labo abasabambele ekwethembekeni kwabo."—Ellen G. White, *Education,* ikhasi 54.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Eklasini, xoxani ngezinselele ezehlukene zamasiko nezasemphakathini enibhekana nazo njengamaKrestu emiphakathini yenu. Ziyini lezo zinselele, futhi ibandla jikelele, lingazihlangabeza kanjani?

2. Ake ucabange ukuthi kwakungaba lula kangakanani kuDaniyeli nabanye ukwenzelela ngenkolo yabo. Angithi vele abaseBhabhiloni yibona abanqobi. Isizwe samaJuda sasehluliwe. Yibuphi obunye "ubufakazi" obabudingeka bokuthi "onkulunkulu" baseBhabhiloni bakhulu kunoNkulunkulu ka-Israyeli, kanjalo-ke uDaniyeli nabangane bakhe kwakudingeka balamukele lelo qiniso? Kulesimo, yimaphi amaqiniso aseBhayibhelini abalulekile ababambelela kuwona, abaphasa ngalesikhathi? (bheka uJeremiya 5:19, Jeremiya 7:22-34.) Lokhu kufanele kusitsheleni ngokubaluleka kokwazi amaBhayibheli ethu nokuqonda "iqiniso lamanje"?

3. Kubaluleke ngani kangaka ukwethembeka, hhayi kithina kuphela, kodwa nakulabo ababona ukwethembeka kwethu obuwubufakazi ngesimilo seNkosi esifuna ukuyikhonza na?